PARLIAMENT

OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# BEKA UVO LWAKHO

## UMTHETHOSIVIVINYWA WESIBILI WOKWABIWA KWEZIMALI OKHETHEKILE [B17-2021]

### IZETHULO NOKULALELWA KWEZIMVO ZOMPHAKATHI

IKomidi Elingaguquki elibhekele Ukwabiwa kwezimali limema ababambe iqhaza kanye nezinhlangano ezinentshisekelo ukuthi zenze izethulo ezibhaliwe mayelana noMthethosivivinywa Wesibili Wokwabiwa Kwezimali Okhethekile [B17-2021]. UMthethosivivinywa wethulwa ePhalamende nguNgqongqoshe Wezezimali mhla zingama- 23 kuNcwaba wezi-2021.

UMthethosivivinywa uhlinzekela ukwabiwa kwesamba semali esengeziwe esivela eSikhwameni sezimali sikaZwelonke kuzidingo zoMbuso onyakeni wezimali wezi-2021/22.

**Ukulalelwa kwezimvo zomphakathi kuzobanjelwa ePhalamende ngoLwesihlanu, mhla ziyi-17 kuMandulo wezi-2021. Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zamukelwe lingakadluli ihora le-12:00 ngoLwesithathu, mhla ziyi-15 kuMandulo wezi- 2021.**

Izethulo kufanele zithunyelwe kuNobhala weKomidi, uMnu Darrin Arends, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000 noma zithunyelwe kule imeyili: daarends@parliament.gov.za / noma kulenombolo yeselula: 071 363 2273 noma zithunyelwe ngefeksi kulenombolo: 086 637 4444.

Amakhophi oMthethosivivinywa Wesibili Wokwabiwa Kwezimali Okhethekile ayatholakala kule webhusayithi: www.parliament.gov.za kanye nakule: www.treasury.gov.za.

**Sikhishwe uMnu S Buthelezi, iLungu lePhalamende, uSihlalo: IKomidi Elingaguquki elibhekele Ukwabiwa Kwezimali (iNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke)**

**Parliament – Following up on our commitments to the People – Making your future work better**

www.ayandambanga.co.za

143432 ISOLEZWE ISIZULU